

S.73. (1)

1b

Zulu custom.

K13  
AM/3/23

G.B. Ngubane.

K13/23

1  
2.

Abesifazane nezinkomo.

1.

Umuntu wasifazane uthiywe kakulu abafana abalusayo namadoda. Abesifazane abangeni esibayeni besebasha besaya emfuleni. Ubulongwe babuthathelwa amantombazanyane amancane ma izinkomo zidla edlelweni akumtetho uba umfazi azidabule ubuza umfana ma eseduze uba asuse izinkomo endleleni. Makungeko mfana eduze uye azingweme ma umfazi ezilile kaqidabuli futhi kanjeni. Ngoba phela k thiwa umnyama. Mafuthi eye emfuleni kafanele odle amasi nobisi kudi geka ahlale izinsuku eziyisi thupha engawadli amasi nobisi aze awadle ngosuku lwesikhombisa esesindile nasendlini.

Ma indoda ike yambona owesifazane edabula izinkomo noma engena esibayeni ethatha ubulenwe ithi kayi mudle ngamazinyo. Ifune ukushaya neca ingamenzela ihlawule inkosikazi/okwamasi nobisi umfazi uzibona yena ukuthi use mubi kafanele ukudla lezinto kuze kuvela yonke lemthetho uba kwaziwa ukuthi uma owesifazane ezi dabulile izinkomo engcolile izinkomo ziyafa zingakuluphali amasi angabi namafutha zishe ubisi lungabi biko abantwana nomnumzane afe indlala. Namhlanje izinkomo azicebile azina masi namafutha. Imbangela abesifana aba zihloniphi izinkomo zabunumzane. Into enkulu abasihloniphi bona qobo lwalo.

2.

Ukhumbelwa komnumzane.

Ma kufe umnu zane kuyabikwa nje ngoba kufe noma ubani kuyabikwa. Kufike amadoda angene esibayeni egowale athi ngatha sekukishwa izinto zokumba igodi loke. Amadoda AYALINDA KUME kuphume unkosana azokhomba ithuma lapho kuzombiwa khona. Esibayeni. Ithuna leli liyelijondene nendlu yakwa Nkosikazi umnyango wayo unkosana lo uphuma endlini nomkhonto kayise. Yena kambi uma ngase konda lethuna akhombe ngomkhonto eme njalo lapho aze aqede ukumba amadoda aseloku ekhobile ethulile ethi nya. Kwensiwe igumbi ngasenyakatha, phakathi belu ethuneni kothi lapho esegegide amadoda angene endlini. Ngesikhathi emba ithuna amakosikazi athule kakali ngoba phela mayekala azokwenza ithuna libelukha ziphuze ukhu phela.

s.73. (4) Manje sebemsonda ngesimphahla zakhe usekushwa endlini abanye seqoqe zonke izimpahla zuke azombelwa nazo. Sekungenna unkosana lapha ehhuneni nomfowabo ozomelekelela akubekeni isidumbu egumbini sekusala yena yedwa unkosana phakathi enthuneni usesekela isidumbu enekanezimpahla zikayise kahle eceleni kwake use rala ngocansi egumbini asekele ngamatye futhi ukuze umhlaba ungangeni sekuggitywa kahle ngobunono obukulu.

Sokusukwa nkogezwa emfuleni ngokussasa sokufika inyanga seyihlaba imbuzi yamakhubalo.